



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 184 • February 2016

Injabulo uMchunu ebatakula enkingeni enkulu ngebhuloho



UMgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu unanela umculo wabafundi baseNkolovuzane Primary KwaMaphumulo ukufunda kwabo osekwenziwe kwaba lula ngokwakiwa kwebhuloho lokuwela umfula. **Isithombe: THAMI MKHULISA**

Ibhuloho iNkolovuzane River Bridge eladla imali engu-R68 million livulwe ngokusemthethweni ngonyaka ka-2012 kanti selibe usizo kakhulu emphakathini njengoba sekulula ukufinyelela nanoma yikuphi lapho lo mphakathi ufisa ukufinyelela khona.

SIBONELO MCHUNU NOTHAMI MKHULISA

Othisha nabafundi besikole iNkolovuzane Primary KwaMaphumulo ngaphansi kweLembe sebetshela uMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ukuthi

ibhuloho elakhiwe uMnyango wakhe selilethe olukhulu ushintsho ezimpilweni zomphakathi. UMchunu ubehambe kule ndawo muva nje njengengxenywe yomkhankaso kaHulumeni wesifundazwe wokuya emiphakathini uyoza izikhalo

nezincomo ngokulethwa kwezidingo, ngaphansi kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe. Isikole saseNkolovuzane singezinye zezikole ezihlomulile ngokwakiwa kwaleli bhuloho njengoba phambilini abafundi bebezithola begwiliza noma

bagcine bengakwazanga ukufinyelela ezikoleni nasemakhaya uma umfula ugcele.

Ibhuloho iNkolovuzane River Bridge eladla imali engu-R68 million livulwe ngokusemthethweni ngonyaka ka-2012 kanti selibe

usizo kakhulu emphakathini njengoba sekulula ukufinyelela nanoma yikuphi lapho lo mphakathi ufisa ukufinyelela khona ngisho nokuhambelana nezigodi ezakhele lo mfula.

Iyaqhubeka ekhasini 4



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

INKULUMO NGESIMO SESIFUNDAZWE

STATE OF THE PROVINCE ADDRESS 2016

Khuluma noNdunankulu ubeke uvo lwakho mayelana nezinto ezibalulekile ongafisa ukuba uNdunankulu wesiFundazwe akhulume kabanzi ngazo uma esethula inkulumo yakhe ngeSimo sesiFundazwe.

Thumela umbono wakho ku: movingkzn@kznpremier.gov.za

Live on SABC Radio and TV & KwaZulu-Natal Community Radio Stations.



OKUNGAPHAKATHI



KUBHUNGWE KABANZI NGEMIPHUMELA KUMATIKULETSHENI WESIFUNDAZWE

IKHASI 3

IsiFundazwe saKwaZulu Natal ngaphansi kobuholi buka Ndunakulu, uSenzo Mchunu sibambe umhlango obizwa nge Premiers Education Indaba mhlaka 5 February 2016, eSibaya Casino. Lomhlango ubuhanjelwe izinhlaka zonke ezineqhaza ekuthuthukiseni izinga lemfundo eSifundazweni.

UMCHUNU UYALELE ABAMATEKISI UKUBA BAXOLISE EMPHAKATHINI

IKHASI 5

Kugqame ithemba kanye nokubekezelelana ngesikhathi ososeshini abahlanu bemboni yamatekisi eNewcastle bezibophezela ekusebenzisaneni kanye nokuletha uzinzo kule mboni ngempelasonto edlule.

KUFAKWE IZINSIMBI ZOKUVIKELA UMBANI EZIKOLENI KWAMAPHUMULO

IKHASI 6

Iyaqhubeka imizamo kaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali yokulekelela imiphakathi ukuba iphephe ebungozini bomphezulu.

UKHUKHULELANGOQO WOHELELO LOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA

IKHASI 8

Njengengxeny yohlelo leNkululeko Development Programme uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Senzo Mchunu nethimba lakhe loNgqongqoshe bahambe eCwaka kuMasipala waseMsinga.

BABUYELWE YITHEMBA ABALIMI BAKWAMAPHUMULO

IKHASI 12

Inhlango ebizwa ngeJikijela Obumbano Cluster yasendaweni yakwaMaphumulo, ayiwuvali umlomo ngosizo asebelutholile emNyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, selokhu yasungulwa nyakenye.

MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwa kabili ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma thami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu: Thamsanqa Ngwenya

Umhleli wezindaba: Regi Khumalo

Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza


Abezithombe:

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI





UNdunankulu waKwaZulu-Natal Mnu Senzo Mchunu, uNgqongqoshe wezeMfundo yamabanga aphantsi UNkz Angie Motshekga, kanye noMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal UNkz Peggy Nkonyeni. **Isithombe: YOLANDA ZONDI**

KUBHUNGWE KABANZI NGEMIPHUMELA KUMATIKULETSHENI WESIFUNDAZWE

Ukwehla kwemiphumela esiFundazweni ikona okuholele ekutheni uNdunankulu, uSenzo Mchunu ahlele lomhlangano ukudingida ukwehla kwemiphumela.

NOMPUMELELO GASA NO CUTHBERT NZUZA

siFundazwe saKwaZulu-Natal ngaphansi kobuholi buka Ndunakulu, uSenzo Mchunu sibambe umhlangano obizwa nge Premier's Education Indaba mhlaka 5 February 2016, eSibaya Casino. Lomhlangano ubuhanjelwe izinhloko zonke ezineqhaza ekuthuthukiseni izinga lemfundo esiFundazweni. Phakathi kwezihambeli kubalwa uNgqongqoshe abehlukene besiFundazwe, uNgqongqoshe weMfundo eyiSisekelo, u Angie Motshekga, uMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal, uNeliswa Peggy Nkonyeni, uMqondisi omkhulu wemfundo eyiSisekelo, uMathanzima Mweli, Izikhulu zoMnyango, Izinyunyana, Izigungu zabazali, oSomabhezini kanye nabobonke abazinikezele ekuxhaseni nasekulekeleni uMnyango wezeMfundo ngezidingongqangi. Ukwehla kwemiphumela esiFundazweni ikona okuholele ekutheni uNdunankulu, uSenzo Mchunu ahlele lomhlangano ukudingida ukwehla

kwemiphumela. Ngonyaka ka 2014 nango nyaka ka 2015 isiFundazwe saKwaZulu-Natali asenzanga kahle kwimiphumela kamatikuletsheni nokwenze ukwehla kwemiphumela kwafinyelela ku 17%. Yize imiphumela ebalulwayo kungekaMatikuletsheni kodwa lokhu kuveza izingqinamba uMnyango obhekene nazo kwezeMfundo jikelele esiFundazweni. Inhlalo enkulu yalomhlangano bekuwukuxazulula zonke izingqinamba ezihlonziwe zingaze zibe nomthelela omubi ezingeni lemfundo nokwengamela ezeMfundo esiFundazweni, Ukwakha izithangami lapho zonke izinhloko ezineqhaza ezilibambayo ukuthuthukisa izinga leMfundo zikwazi ukuthi zidingide, zibonisane futhi zixazulule zonke izingqinamba ezibhekene noMnyango. Kuphinde kudingidwe nokwehla kwemiphumela kuleminyaka emibili edlule bese kuhlonzwa izinyathelo ezizothathwa ukuze kuxazululwe lengqinamba isiFundazwe ebhekene naso. Yize uMnyango ubunezinhlelo zokucija abantwana

bakwamatikuletsheni ngenhloso yokunyusa izinga lemfumela kodwa awufinyelelanga lapho obufuna ukufika khona. Ekhuluma kulenkomfa uMphathiswa uNkonyeni ubeke kanje, "SiwuMnyango siyazibophezela ukusebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi asisehli ngaphansi kuka 60.7% kodwa sizokwenza kangcono kakhulu kunakuqala. Sinxusa zonke izinhloko ezithintekayo futhi nezizimisele ukusebenzisana noMnyango ukuthi zisebenze ngokuzikhandla ukuze senze ngcono imfundo yabantwana bethu". Ekhuluma kulo mhlango uNgqongqoshe uMotshekga ubeke kanje, "Ukwehla kwesiFundazwe saKwaZulu-Natal kuba nomthelela omkhulu kwimiphumela yazwelonke ngenxa yokuthi iKwaZulu-Natali imumatha abafundi abafinyelela ku 25%". UNgqongqoshe akagcinanga lapho kodwa ube esenxusa zonke izinhloko ebezithamele lomhlangano ukuba zisebenzisane ukuze zilekelelane ekuqhubeni

lomkhumbi ngendlela efanele. UNdunankulu uSenzo Mchunu ekhuluma kulomhlangano ubeke kanje, "Kuyangithokozisa ukubona zonke izihambeli zinomfutho wokucobelelana ngolwazi kulomhlangano ngenhloso yokwenza ngcono imfundo yabantwana bethu. Imfundo iyona ebekwe eqhulwini nguHulumeni wase Ningizimu Africa ngenhloso yokufezekisa umbono weNational Development Plan yango 2030. UMacingwane uthe "UMengameli wezwe uZuma enkulumweni yakhe yokuvula iPhalamende likazwelo ke waphawula ngokubaluleka kwezemfundo njengento eseqhulwini kuHulumeni obusayo. UMsholozu wabe esebiza umhlangano wabo bonke othishanhloko bakulelizwe ukuzobhunga ngezemfundo. UMsholozu wakubeka kwacaca ukubaluleka kwezemfundo njengento edudula isakhiwo somnotho wezwe kulowo mhlango. Wakubeka ukuthi othisha yibo abaletha uguquko ngekusasa lezwe futhi kufanele

othishanhloko babe abanohlonzwe ezikoleni." Ngelokhu uMongameli wayevulela bonke abantu ukuthi babeyingxenywe yemfundo ezweni lonke jikelele". Ukwehla kwemiphumela kusuka ngo 2014 kuthinta thina sonke ingakho kuzomele sonke sisebenze ngokuzikhandla. Ngokuhlala lomhlangano ngifisa ukuthi senze ngakho konke okusemandleni ukulungisa lesisimo esibhekene naso kwezeMfundo". Ekuhubeka nenkulumo yakhe uNdunakulu uthe kumele kufike ezingeni lapho kucijwa khona abantwana ngendlela yokuthi ayikho into engena phakathi kwabafundi nemfundo eseqophelweni eliphezulu. Ekupheleni kwalengqungquthela zonke izithameli bezivuselelekile ukubuyela emuva zicobelelana ngolwazi futhi zisebenzisane noThishanhloko no Thisha ukuze kuphuculwe izinga lemfundo kanye nemiphumela kamatikuletsheni. Zonke izithameli zazisho ngo elethu ukuthi zizokwenza konke okusemandleni ukubeka izinga lemfundo Phambili.



I-Education Indaba ihanjelwe imikhakha eyahlukene kaHulumeni kanye nosomabhezini ukuzobhunga ngesixazululo esingasiza ekwenyuseni izinga lemfumela kulesisiFundazwe saKwaZulu-Natal. **Izithombe: YOLANDA ZONDI**

INJABULO UMCHUNU EBATAKULA ENKINGENI ENKULU NGEBHULOHO



UMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha KwaZulu-Natal ngenkathi enikezela ngamabhala kosonkontileka bakaZibambele abasebenza emgwaqeni eNkolovuzane KwaMaphumulo.
Isithombe: **THAMI MKHULISA**

■ Ekuqaleni ngangithi uma ngiqhamuka omakhelwane bavale izindlu ngenxa yokuthi ngangihlezi ngizocela ukudla ngibhuqabhuqwa yindlala nabantabami.

SIBONELO MCHUNU NOTHAMI MKHULISA

“Macingwane siyabonga asiphezi ngaleli bhuloho njengoba ngisho imiphumela yethu ka-ANA isithuthukile kwazise abafundi abasaphindeli emakhaya uma izulu linile.

Singathanda ukuba uMnyango usisize nje ngezinsimbi ezizovikela abafundi ukuba bangaphoseki emanzini,” kubeka uThishanhloko wesikole uNksz Nokuthula Mhlongo.

UMhlongo uthe ujabulela ukuthi sekwaphela ukuhlupheka kweminyaka belahlekelwa isithunzi bengothisha ngokuthi njalo uma kufuneka bawele umfula kumele bakhumule basale ngezingubo zangaphansi, lokhu bekwenza phambi kwabafundi ababafundisayo.

Kube yinhloko yodwa ngesikhathi uMchunu esemukelisa ngamabhala nezinye izinsiza-kusebenza komama abasebenza ngaphansi kukaZibambele abasebenza ukugcina umgwaqo ongenelela eNkolovuzane

usesimweni. UNks Chilizile Nzuza (60) owaqala ukusebenza kuZibambele ngonyaka ka-1999 uthi manje usekwazi ukondla izingane nabazukulu ngemali nje ayihola ngalo msebenzi wokuhlanza umgwaqo.

“Impilo yayingeve inzima ngaphambi kokuthi ngingene ngaphansi kohlelo lomama abasebenza kuZibambele.

Ekuqaleni ngangithi uma ngiqhamuka omakhelwane bavale izindlu ngenxa yokuthi ngangihlezi ngizocela ukudla ngibhuqabhuqwa yindlala nabantabami.

Emuva kokuthola lo msebenzi lapha kuZibambele sengikwazile ukuxosha ikati eziko futhi ngifundisa ngisho nabazukulu bami,” kusho uNzuza.



INKULUMO NGESIMO SESIFUNDAZWE UMnu. E.S. Mchunu UNdunankulu waKwaZulu-Natal



USUKU: 25 KUNHLOLANJA 2016
INDAWO: Royal Show Grounds, eMgungundlovu
ISIKHATHI: 10H00

Isakazwa bukhoma ku-SABC Radio naku TV kanye nasemisakazweni yomphakathi yaKwaZulu-Natal.





UNggongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ehambisana neMeya kaMasipala waseNewcastle uMnuz Afzul Rehman, iMeya kaMasipala wase Majuba uNksz Jabulile Khumalo noMnuz Lindani Khumalo oyiMenenja waserenki yaseNewcastle emcimbi wokusayindwa kwesivumelwano sokusebenzisana kososeshini bakule ndawo ngemizamo yokuletha uzinzo embonini.

Banikazi bamatekisi aseNewcastle niwuphoxile umphakathi, nawenzela phansi, ngakho ke ngiyaninxusa ukuba ningaxolisi kimina, kepha abantu okumele nixolise kubo umphakathi

UMCHUNU UYALELE ABAMATEKISI UKUBA BAXOLISE EMPHAKATHINI

SIBONELO MCHUNU NO AKHONA SIJULA

Kuggame ithemba kanye nokubekezelelana ngesikhathi ososeshini abahlanu bemboni yamatekisi eNewcastle bezibophezela ekusebenzisane kanye nokuletha uzinzo kule mboni ngempelasonto edlule. Lokhu kulandela izigameko eziningi zodlame eziqale eminyakeni engaphezu kweyisithupha edlule nezidlule nemiphefumulo engaphezulu kwengu-14. Le ngqophamlando yomcimbi yenzeke ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ehambela kule ndawo elokishini laseMadadeni ukuyozibonela ngokwakhe ukusayindwa kwesivumelwano. Enye inhloso yalo mhlango bekungukuba abanikazi bemboni yamatekisi ahambela indawo yase-Newcastle namaphethelo bazoxolisa ngokusemthethweni

umphakathini ngemuva kwezinkinga ezike zakhungatha le mboni nebezihlukumeza abagibeli. Umphakathi wakule ndawo nawo awuzibekanga phansi ubuphume ngobuningi bawo uzozibonela mathupha labo soseshini bezibophezela kulesi sivumelwano sokuletha ukuthula kule mboni. Ukungaboni ngaso linye embonini yamatekisi lapha bekubandakanya ososeshini abahlanu okubalwa kubo uMasihambisane, Madadeni, Osizweni, Uitrecht/Boundaries neSizwe Taxi Association. UMnyango wezokuThutha usebenzisana nobuholi bukaSANTACO kanye noMasipala waseNewcastle, ukuzama ukuletha uzinzo kanye nokuthula embonini. Lokhu kuhlenganisa imihlangano eminingi kanye nokuphucula isimo serenki yaseNewcastle njengoba bekuyiyo ebiyisizinda sempi nokumanje isifakelwe amakhamera kanye nonogada abaqashwe yiwo uMasipala. Kuphinde kwaxoxiswana ngemingcele ukuze

zonke izinhlangothi zigculiseke. Kusayindwe izivumelwano nabo bonke ososeshini abathintekayo babuye bazibophezela ngokusebenzisana, kwaze kwasayindwa ngisho nezivumelwane nezinye izifundazwe okubalwa kuzo i-Gauteng, Mpumalanga ne-Free State. Yize lolu hlelo kade lwaqalwa ukwakhiwa nokulungiswa, isigameko sakamuvu kube ngesangonyaka odlule ngo-Okthoba lapho kwashaywa khona izimoto ngamatshe erenki, zavinjwa ukuba zingakwazi ukuya edolobheni nokwaholela ekulimaleni kwabagibeli kanye nasekuboshweni kwabanye abashayeli. Yiso kanye lesi senzo esenze uMchunu aluthathele phezu lolu daba, njengoba sekuze kwagcina selitholakele ikhambi. Ethula inkulumo yakhe uMchunu, ugcizelele ukuhlonipha abagibeli kanye nokuhlonipha umthetho

kwabemboni yezokuthutha. “Banikazi bamatekisi aseNewcastle niwuphoxile umphakathi, nawenzela phansi, ngakho ke ngiyaninxusa ukuba ningaxolisi kimina, kepha abantu okumele nixolise kubo umphakathi ngoba bawumgogodla nensika yebhizinisi lenu. Hloniphani abagibeli, nizihloniphe nani bese nihlonipha nomsebenzi wenu lo okuyiwona onilethela isinkwa. “Yinkulu kabi lendlela esesiyihambile ukuze sifinyelele lapha namuhla, kepha futhi asidubulanga muntu, sihlale phasi saxoxisana nje salungisa lawo maphutha abekade ekhona. Yingakho ngihlale ngikugcizelela ukuthi awudingi isibhamu ukuxazulula izinkinga, kepha nje ngokuxoxisana niyakwazi ukuthi nithole ikhambi,” kusho uMchunu. UMchunu uqinisekise umphakathi ukuthi ngeke bavumele isifundazwe sibe ngesinodlame lwamatekisi, yingakho nje nohlelo lokuzama ukuletha ukuthula

ezindaweni ezinjengakwa Swayimane nakwaNdengezi noZwelibomvu lusetshenzwa. Ube esegcizelela ukuthi ngesikhathi kusenezingxoxo zokudala ukuthula, kuhlaluke ukuthi kukhona amaphoyisa angobhongoza ekudaleni uthuthuva obelwenzeka ngenxa yokuthi nawo anamatekisi uqobo, nokwenza kuphazamiseke ukusebenza kwawo. Ube eseekephisa isexwayiso sokuthi unawo amagama awo futhi usezithendeni zawo. USihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uMnuz Boy Zondi udlulise ukuxolisa okukhulu umphakathini, waqinisekisa ukuthi isimo esinjengalesi angeke sisaphinde senzeke. Ube esenxusa ukuthi umphakathi ubaxolele njengemboni. UZondi uphinde wadlulisa ukubonga okukhulu kuzo zonke izinhlaka ezenze ukuthi kugcine kunozinzo endaweni yaseNewcastle.



transport
Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



MR TW MCHUNU
MEC for Transport, Community Safety & Liaison



“Ukuphepha Emgwaqeni Kungumsebenzi Wethu Sonke”

KUFAKWE IZINSIMBI ZOKUVIKELA UMBANI EZIKOLENI KWAMAPHUMULO

Isimo sezulu sesiguquke kakhulu ezweni lethu, futhi silindele kakhulu ukuthi isimo lesi siqhubeke nokuba sibi, njengoba ukufudumala komhlaba (global Warming) sekube nemiphumela engemihle

SENZO MZILA

yaqhubeka imizamo kaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali yokulekelela imiphakathi ukuba iphephe ebungozini bomphezulu.

Kulelisonto, ungqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, uNomusa Dube-Ncube, uvakashele indawo yaKwaMxhosa, ngaphansi kukaMasipala wakwaMaphumulo, kuMasipala wesiFunda saseLembe, lapho ethule khona abafana abavikela imizi ukuthi ingashaywa ngumbani, njengoba indawo lena yaKwaMaphumulo ingezinye zezindawo ezihlaselwa yizulu elidumayo kakhulu. Ngokusho kukaDube-Ncube, umphezulu usuwenze umonakalo omkhulu kakhulu esiFundazweni saKwaZulu-Natali, njengoba onyakeni owedlule abantu abangaphezu kuka-20 belinyazwe bashona yizulu ezindaweni ezahlukene. “Isimo sezulu sesiguquke kakhulu ezweni lethu, futhi silindele kakhulu ukuthi isimo lesi siqhubeke nokuba sibi, njengoba ukufudumala komhlaba

(global Warming) sekube nemiphumela eminingi engemihle, kwimfuyo kanye nasezitsshalweni, futhi ukubanika kwezulu sekwenzeka kaningi nangobungozi kunakuqala. “Kulendawo nje yaKwaMaphumulo onyakeni owedlule kwashona abantu abane ngenxa yomphezulu. Ngakho sikubone kubalulekile ukuthi singuHulumeni sibafake laba abafana ngoba bavikela izindawo zemiphakathi yethu, okuyizikole kanye namahholo omphakathi,” kusho uDube-Ncube. Lamazwi uwasho emhlanganweni abe nawo nomphakathi waKwaXhosa, lapho bekudingidwa khona ngezinto ezithinta ukulethwa kwentuthuko emiphakathini kwizakhamuzi zakulendawo. Kulomhlangano, uDube-Ncube ugcizelele ukubaluleka kokubambisana kwamalunga omphakathi, kanye nothisha besikole sendawo, i-Phezukomkhono High School, njengoba onyakeni owedlule sibe nabafundi abangu 40% abaphase uMatikuleletsheni. “SinguHulumeni silindele okukhulu ezikoleni zethu; othisha silindele ukuthi babe

sesikoleni amahora ayisishiyagalombili befundisa, futhi nabazali bona sibalindele ukuthi babambisane nothisha ngokuthi baqinisekise ukuthi izingane uma zize esikoleni, sisuke sinakho konke okudingakalayo, ukuze izingane zifunde ziphase zibe ngabaholi bezwe lethu bakusasa,” kuqhuba uDube-Ncube. Isimo sesomiso esibhekene nesiFundazwe sethu, uNzwakele uphinde wathinta kuso, njengoba izinga lamanzi selinciphe ngendlela ethusayo, ikakhulukazi eziFundeni zoMasipala ezimaphakathi nesiFundazwe. “Sikhuthaza wonke umuntu ukuba onge amanzi, njengoba icons neconsi libalulekile. Ukuguquka kwezulu kusilethele isomiso lesi esingenaso isiqiniseko sokuthi sizophela nini. SinguHulumeni sesizikhiphile izimoto ezihambisa amanzi, ukuze imiphakathi yethu isizakale, kodwa siyanidinga nonke njengamalunga emiphakathi yethu ukuba nonge amanzi futhi nifundise izingane ukuba zingadlali ngamanzi ngoba siyawadinga sonke futhi ayimpilo,” kuphetha uDube-Ncube.



Ngibonga uhlelo lwe-EPWP



UZamikhaya Qobo (27) uqashwe njengomuntu osebenza ngamapayipi amanzi kumklamo waseCornubia Integrated Development Project. UQobo ohlala eBlackburn eseThekwini uyena oxosha ikati eziko ngalomsebenzi owondla umndeni wakhe okubalwa kuwo abazali bakhe, abantwana bakhe abathathu kanye nezingane zakubo eziyisihlanu. Waqala ukusebenza engumsebenzi owenza lonke uhlobo lomsebenzi wase eqeqeshelwa ukuba umsebenzi osebenza ngamapayipi amanzi. Ungomunye wabahlomula ngohlelo loMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) asebekwazi ukuzakhela amathuba empilo

angcono. Ngangizihlalele nabangani bami uma ngizwa le ndaba emsakazweni.

Ngangingazi lutho ngama Commonwealth Games kodwa ngangizimisele ngento eyodwa.

Ngakha izindlu zabasubathi eCornubia. Kwakungavumi ngiyeke ukuchomela abangani bami ngalezindaba ezimnandi kangaka. Angikaze ngicabange ukuthi nami ngelinye ilanga ngingenza into ebaluleke kangaka. Ngajabula kabi uma ngithola umsebenzi kulo mklamo ngoba ngangipatanisa ngizama ukuziphilisa.

Nganginomndeni okwakumele ngiwondle okwakuba nzima ukuwubona ulala ungenakho okuya ethunjini. Ngakhuleka ukuthi ngithole umsebenzi ukuze ngondle

umndeni wami. ICornubia yaguqula impilo yami futhi isimo sesingcono kakhulu manje. Ngisakhula ngangithanda ukuba umsubathi kodwa angikwazanga ukuliphumelelisa lelophupho lami ngoba ngangihlwempu ngizama ukuthola umsebenzi.

Ngangizitshela ukuthi ukulandela amaphupho okwabantu abacebile. Abantu abahlwempu baphilela ukuthola ukudla ukuze baphile usuku nosuku.

Manje ngiyajabula kakhulu ngoba noma ngingazange ngikwazi ukuba umsubathi kodwa kukhona iqhaza engilibambile ukuze kusizakale abasubathi. Ngizizwa ngiphumelele kakhulu ngoba amaphupho afezekile futhi abantwana bami bayaziqhenya ngami. Abasalali bengadlile.



21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

“Strengthening the Fight Against HIV and AIDS Pandemic”



ACCESS • EQUITY • RIGHTS NOW !

IGIXABEZWE NGEZINDODLA INHLANGANO ETHUTHUKISA UMPHAKATHI

Sesizokwazi ukuqala ukusebenza sithuthukise amakhono entsha khona bezokwazi kusasa ukuthi baziphilise ngamakhono abazofundiswa wona, nosizi luzoncipha emakhaya

THABISO MTHALANE

UHLELO lukaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali, i-Operation Sukuma Sakhe, obelugasele eMsinga muva nje ngenhloso yokuzobheka ukusebenza kwezikhungo zikaHulumeni, ludlulele nasezikoleni ukuyohlola izinga lokusebenza kwaphinde kwavulwa ngokusemthethweni izikhungo zokuthuthukisa umphakathi. UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, unikeze inhlangano engenzinzuzo (NPO) eyaziwa ngeTholusizo Youth Organisation yaseMsinga esigodini sakwaGxobanyawo ku ward 14., imali engango R829 000 ezosiza ngokuthuthukisa amakhono entsha esuka koMasipala baseMsinga, Nquthu, Mvoti kanye naseNdumeni.

Intsha ezokhethwa izobe isiyiqeqeshwa ekolishi iMthashana TVET emakhonweni okubalwa kuwo ukubeka isitini, izifundo zekhompuyutha, ezokuthunga, ezokupheka, nezokulungisa amapayipi.

UNgqongqoshe uThusi akagcinanga lapho, uphinde wanika le nhlangano iTholusizo Youth Organisation enye imali engango-R186 027 ukuze ikwazi ukuqhubeka nohlelo lokuthuthukisa umphakathi, iCommunity Nutrition Development Centre (CNDC) ukuphakela abaswele, abadla imbuya ngothi. Le nhlangano Imali



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, enikezela ngesheke le mali kwiTholusizo Youth Organisation.

iyisebenzisa ekuphakeleni abaswele ababalelwa enanini elingu-244, ukubathutha emakhaya, nokukhokhela abasizayo kule (CNDC).

UNgqongqoshe uThusi, obephelezela yikhansela lendawo, uMnumzane Sifundo Masimula, ophethe ku ward 14, ukhombise ukujabula ngomsebenzi owenziwa u yilenhlangano eholwa yintsha esencane eyenza umsebenzi omuhle futhi oncomekayo ngendlela abanakekela ngayo umphakathi wakulendawo.

“Ngijabule kakhulu ngemali esiyinikezwe nguNgqongqoshe, engu-R829 000.

Sesizokwazi ukuqala ukusebenza sithuthukise amakhono entsha khona bezokwazi kusasa ukuthi beziphilise ngamakhono abazofundiswa wona, nosizi luzoncipha emakhaya uma sebeqeqeshiwe sebekwazi ukuziphilisa. “Imali engango-R186 027 yona izosisiza sikwazi ukuqhubeka nokusebenza siphakele abaswele nokukhokhela esisebenzisana nabo,” kusho uMnumzane Khulekani Masemola,

onguSihlalo we-Tholusizo Youth Organisation.

Lenhlangano yaqala ukusebenza ngonyaka ka-2010. Isebenze iminyaka emine ngaphandle koxhaso lwezimali, kodwa ngenxa yogqozi lokusiza umphakathi ikwazile ukuphakela izingane zesikole ezihlupheka kakhulu ngoxhaso ababeluthola kosomabhezini bendawo.

UMkhandlu waseMzinyathi noMasipala waseMsinga banikezela ngehlo kulenhlangano ukuba isebenzele kulo. UMnyango ube usubona

isidingo sokuxhasa lenhlangano ukuze isebenze kahle ekulweni nendlala kulendawo.

UMnyango waqoka lenhlangano ukuthi ivule lolu hlelo, olubhekelela kakhulu imindeni ehluphekayo okuke kuphele izinsuku ingadlile.

ITholusizo Youth Organisation ayigcini kuphela ngokunakekela umphakathi, kodwa ivula amathuba emisebenzi njengoba ebaelwa eshumini nantathu amalunga omphakathi aqashiwe athola imadlana ebasizayo ukuze bangazitholi sebehleli emakhaya bengenzi lutho.

Kwethulwe isithangami sokubhekela izidingo zabasebenzi

Izinyunyana ezinkulu nezincane zikuthakasele ukwethulwa kwesithangami esibhekele ezabasebenzi, esaziwa nge-Labour Forum, esizosebenza ngaphakathi eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi muva nje, emcimbini obuseThekwini.

Lesi sigungu sethulwe ngokusemthethweni uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, lapho bekuhlangene izinyunyana eziningi, okubalwa kuzo i-NEHAWU, DENOSA, NUPSAW, PSA, ne-Public Service Commission kanye neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali.

Izikhulumi zichaze lesi sithangami njenge sokuqala ukuthi sisungulwe njengoba sizobe sibhekelele ukudingida izindaba noma izinselelo ezibhekene noMnyango.

Lesi sithangami sididiyele izikhulu zoMnyango kanye nabamele abasebenzi abazobe bedingida ngezimfuno nezinselelo zabaqashiwe.

Etusa izinyunyana ngokuthokozela lesi sakhiwo, uNgqongqoshe uThusi, uthetha: “Ngiyajabula ngoba nabaphathi abaphethe ngokuhlukana izifunda



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, UNkosikazi Weziwe Thusi, ethula inkulumbo ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni isithangami sokubhekela izidingo zabasebenzi.

zakwa-DSD bakhona ukuzozizwela ukuthi le-foramu izosebenza kanjani. Abanye benu isabaphica indlela izinyunyana ezisebenza ngayo. Izinyunyana azizile ukuzophikisa indlela yokusebenza, kodwa zize ngokuzobambisana nathi. Yingakho kubalulekile ukuthi nikuqonde njengabaphathi ukuthi kuzosetshenzwa ngokubambisana.”

“Bengilalele izikhulumi ezikhulume ngaphambi kwami engikuqaphelile ukuthi zonke zikhuluma ngazwi linye ngesidingo sokubambisana ukuze ikusasa laloMnyango liqhakaze, ukungaboni ngaso linye nokuklwebhanya, okuyaye kube

khona kubaqashi nabasebenzi ukuze kugwemeke.”

“Njengoba sazi ukuthi abaqashi nabasebenzi bajwayele ukungaboni ngaso linye kwezinye izinto, ukuba khona kwalesi sigungu kuzokwenza ikusasa laloMnyango libe nokuthula, kube nokusebenza ngokuzimisela kwabasebenzi kuphinde kuhlaziye kangcono izinto ezihlupha abasebenzi.

Futhi lokhu kuzosiza ekutheni izakhamuzi zaleli lizwe kube abantu abakhayo, abavikelayo baphinde bacebisane ngokuthula.”

“Uma izwe lethu lethula imigomo eqondene nabasebenzi, angeke likwazi ukuphumelela uma

abaqashi kanye nabasebenzi bengazibophezeli ngokuxoxa bathole izisombululo.

UMnyango wethu uke wabhekana nezinselelo ezinje, yingakho sibone kungcono ukuthi kusungulwe isigungu ngokushesha esizokwazi ukubhekana nezinselelo.”

“Abanye benu bazokhumbula ukuthi ngonyaka odlule uMnyango uke wabhekana nezingqinamba lapho abasebenzi baze baya emgwaqeni ukuze izwi labo lizwakale. Lokhu kwenzekile eMzimkhulu, eNgwelezane nase Lower Mfolozi, lapho abasebenzi bezwakalise ukungajabuli ngesimo samahhovisi abasebenzela kuwo.

“Kuleso simo kwangenelela izinyunyana ezinhlano ukuze kutholakale isisombululo.

Yingakho kubalulekile ukuba izwelethu libe nemigomo eqondene nokuqashwa.

Lokho kwenza umqashi nomsebenzi ukuthi basheshe bafike ezisombululweni.

“Emuva la siphuma khona abaqashi nezinyunyana bebengasebenzisani. Yingakho kuvele kwacaca kithina ukuthi kunesidingo sokuba siqinise ubudlelwano singakwenzi lokho ngoba sesiphoqelekile.

“U-Amilcar Cabral, ongesinye sezishoshovu ebeziwela inkululeko, sathi:

‘Asihlale sikhumbula ukuthi abantu abalweli imicabango esezingqondweni zabantu, kodwa balwela ukuze banqobele ukuthola izinto ezibonakalayo, impilo engcono kanye nokuthula ukuze impilo iqhubeke iye phambili, nekusasa lezingane zabo liqhakaze’.

“Ezinye zezinto lesi sithangami elizozenza kuzoba ukuqhubeka nokuxazulula izindaba eziqondene nabaqashi nabasebenzi ngokuthula kuloMnyango.

“Umsebenzi waso ukugwema izingxabano ezingasuka nokuthola izixazululo sezinselelo ezingenza kubhebhethke ukubhekana ngeziqu zamehlo, “ kusho UNgqongqoshe uThusi.

Uthe isithangami sizophinde sithole ukwelulekwa ngezinto eziqondene nezifunda ngokuhlukana kwazo eMnyangweni, siqikelele ukuthi izivumelwano ziyenzeka njengoba kuzobe kulotshiwe kwimigomo nemithetho okuzobe kuvunyelwene ngayo. Sizophinde sithole ukwelulekwa ngenhlalanhle, impilo nokuphepha kwabasebenzi kanye nokunye.

UKHUKHULELANGOQO WOHELELO LOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA

Inkululeko kufanele niyibone ngamehlo ningayizwa nje. Lokhu kithina kusho ukuletha isithunzi kubantu, nokuqeda isimo seminyaka ngeminyaka abantu benganakiwe.

THOBEKA MALINGA

Njengengxenywe yohlelo lwe-INkululeko Development Project, uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Senzo Mchunu nethimba loNgqongqoshe bahambe eCwaka kuMasipala waseMsinga.

Kulokhu inhloso bekuwukwethula ngokusemthethweni kwaloluhlelo lokuhloswe ngalo ukuthuthukisa izindawo ezisemakhaya njengalokhu kungezinye zezinhlelo ezimqoka zikaHulumeni.

Lokhu kulandela uhlelo olufanayo oluqhubekayo njengamanje endaweni yaseNdumo, ngaphansi koMkhanyakude.

UHulumeni wesiFundazwe ubonakala umagange impela ekuphuculeni indlela oletha ngayo izinhlelo zentuthuko, osekwenziwa ngokudidiyela yonke iminyango.

UMacingwane uqale uhambo lwakhe ngokuvakashela izikole zaseSakhiseni kanye naseBhekabantu High School, lapho ebeyozizwela ukuthi kungani imiphumela yebanga likamatikuletsheni yehle kangaka eMsinga nyakenye.

Nabanye oNgqongqoshe bahambe ezinye izikole futhi. Ezinye zezinto ezigqamile ukuthi kunokuphazamiseka kokufunda kulendawo ngenxa yezizathu ezihlukene.

Emva kwalokho ubesehlaba isoyi lapho kuzokwakhiwa khona indawo yokuhlatsywa nokulungisa inyama yembuzi ukuze idayiselwe izitolo.

Uhambo lwakhe nethimba loNgqongqoshe lugcine endaweni yaseCwaka lapho abantu bebenyathelana khona ukuzozizwela ukuthi zinhlelo zini lezi uHulumeni eza nazo ukwenza indawo yabo ithuthuke.

Akungabazeki ukuthi lohlelo luzokwakha idolobha elisha, futhi lizoba isisekelo esihle sokuheha labo abangosozimboni nosomabhisinisi ukuthi nabo bafaka isandla ekutshalweni kwezimali kulendawo ukuze kwakheke amathuba emisebenzi. Ongqongqoshe ngokuhlukana



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Senzo Mchunu, ehambisana noNgqongqoshe wezoLimo uMnu. Cyril Xaba neNkosi uMabaso ngesikhathi behlaba isoyi lapho kuzokwakhiwa amadele okuhliza izimbuza eCwaka, Umsinga. **Isithombe: PRINCE MTHETHWA**

kwabo, bamemezele ukuthi yini iMinyango yabo ezoyenza kuloluhlelo.

Phela lolu uhlelo olusungulwe uHulumeni wesiFundazwe olwaziwa ngokuthi iNkululeko Development Programme lapho yonke iminyango eyahlukene iya kuMasipala oselele emuva ngentuthuko.

UNdunankulu uMchunu, ukubeke kwacaca ukuthi indawo yaseMsinga ingeyesibili ukuba uHulumeni wesiFundazwe ulethe izinhlelo zentuthuko

ngokubambisana ngaphansi kwaloluhlelo futhi akuginwa ngawo - okusho ukuthi lesitimela asimile. Uhlelo lokuqala luseMkhanyakude eNdumo lapho kwakhiwe khona isikole sohlobo oluphambili, maqede kwavuselelwa nezinye, kwanwetshwa umtholampilo, kwakhiwa umtapo wezincwadi, inkundla yezemidlalo kanye nokwakhiwa komgwaqo osezingeni eliphezulu ukuze ukuhamba nokuhlanganisa leyandawo nezakhelene nayo, kubelula kakhulu.

Nakhona eMsinga izinto sezizoshintsha ngoba kuzoba khona idolobha kanye nezimboni ezintsha ezilethwa nguHulumeni wesiFundazwe.

UNdunankulu uMacingwane uthi, "Inkululeko kufanele niyibone ngamehlo ningayizwa nje.

Lokhu kithina kusho ukuletha isithunzi kubantu, nokuqeda isimo seminyaka ngeminyaka abantu benganakiwe.

Thina njengoHulumeni sesiqoke ukuba lendawo eyaziwa ngemfuyo yayo enhle yezimbuzi kube yiyona

ezokhiqiza inyama yembuzi eyodayiswa emadolobheni ukuze abakhiqizi bakwazi ukususa ikati eziko babuye bondle imindeni yabo."

UMacingwane uqhube wathi bona njengoHulumeni wesifunda, bazibophezele ukuthi abantu baseMsinga bayibone ngamehlo inkululeko futhi bayithinte ngezandla intuthuko.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**
izimpilo zabantu

"SIDIDIYELA INQUBEKELA PHAMBILI ESESIYUZULE, NOKUKHUPHULA IZINGA UKUZUZA IZINGUQUKO KWEZENHLALO NEZOMNOTHO UKUZE SIQEDE **INDLALA** KULESI SIKHATHI SAMANJE"

INKULULEKO DEVELOPMENT PROJECT II - CWAKA

UHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL UQHUBEKELA PHAMBILI NOKUGUQULA IZIMPILO ZABANTU. LOKHU KULANDELA UKWETHULWA KWENGQOPHAMLANDO YOHLELO LWENTUTHUKO EMSINGA.



IMIFANEKISO EKHOMBISA LOLUHLELO UMA SELUPHELILE



IMIZAMO KAHULUMENI YOKWENZA UMSINGA ISIKHONDLAKHONDLA EMIKHIQIZWENI YENYAMA YEMBUZI

Imakethe yenyama yembuzi ivulekile njengoba kuvele ukuthi izwe lase-Saudi Arabia lifuna ukuthunyelelwa izimbuzi eziyisigidi ngonyaka ezisuka KwaZulu-Natali

SIMPHIWE NDWANDWE

Abafuyi bezimbuzi baseMsinga bangase baphenduke izimpunyela uma imizamo yoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali yokubafaka embonini yokukhiqizwa kwenyama yembuzi ithela izithelo.

UMhlonishwa uCyril Xaba, onguNgqongqoshe walo Mnyango, usembhidlangweni wokufukula abafuyi bezimbuzi bakuleya ndawo ukuze bafinyelele ezingeni labahweni benyama abaseqophelweni eliphezulu kuleli. Indawo yase Msinga isikhombise ukuba sesimweni esilungele ukufuywa kwezimbuzi kuleminyaka edlule.

Lokhu kuhambisana nezihlelo zomNyango zokuqinisa kakhulu umkhiqizo ovuma ngokuhlukana kwezindawo njengoba uMsinga uzivumile izimbuzi.

Muva nje uMnyango uhlele indumezulu yomcimbi wombukiso wezimbuzi kuleya ndawo obuhambisana nomncintiswano wokupheka izidlo ezahlukenene kusetshenziswa yona inyama yembuzi.

Umcimbi ube yimpumelelo njengoba ukwaze ukuheha abafuyi abaphuma bezinhlango abafuyi abaphuma esiFundazweni sonke.

Okuphinde kwagqama ukubonakala kwazozonke izinhlobo zezimbuzi ezitholakala eNingizimu Afrika yonke.

Kuvuleke inkundla yokuthekelana ngolwazi njengoba abafuyi nochwepheshe beshiyelana ulwazi ngokufuywa nokunakekelwa kwezimbuzi zilungele izimakethe, ngokunjalo nangokugquguqula umkhiqizo wembuzi ukwenza eminye imikhiqizo ehlukahlukene.

ISilo samaBandla onke besiyingxenye yezicukuthwane ezisezingeni eliphezulu ebezethamele lo mcimbi.

Usuku luqale ngabapheki abebetatazela namabhodwe kulungiselelwa ukupheka izitshulu ezahlukenene ngayo belu inyama yembuzi.



Isilo samaBandla noNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa koMphakathi uMnuz Cyril Xaba ngesikhathi bebuka izibaya zezimbuzi embukisweni waseMsinga. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

Ngakolunye uhlangothi, izakhamizi nabafuyi bebhaphakela iso futhi bephosa imibuzo labo abebesezibayeni bachaza ngezimbuzi zabo.

Bekuqala ukuthi kube khona umbukiso walolu hlobo kwazise yindawo yasemakhaya enganakekile, ikakhulukazi indimeni yezamabhezini nezolimo. Kodwa kubhekeke ukuba lokhu kwentula okubhekene noMsinga kushintshe njengoba umNyango izinhlelo zawo zibheke ngqo ekutheni abafuyi bangene shi ezimakethe.

Indawo yase Msinga igcwele izinguzunga zamatshe okwenza ukuba abalimi babhekane nezinselelo ezinkulu uma bezama ukulima, ngakho bagcina bephephela kuzo izimbuzi ukuze baziphilise kanti nomNyango ula ukuzobalekelela.

UMhlonishwa uXaba uthethe lomNyango uhlose ukuthi abantu baseMsinga babe ngamavulandlela emkhakheni

wokuhweba ngenyama yembuzi. “Sifuna ukusebenzisa uMsinga njengesizinda salokhu esikuqala manje. Nakuba sizodlulela nakwezinye izindawo kodwa lapha yikhona esifuna ukuthi kuqale kucace ukuthi sibheke kuphi.

Izimakethe zembuzi zikhona, ngakho kusemqoka ukuthi abantu bahlangane futhi bahleleke ukuze bakulungele ukungena ebhizinisini,” kusho uXaba.

Mayelana nomncintiswano wokupheka inyama yembuzi uthethe; “Sibonile kulo mncintiswano ukuthi imnandi kabi le nyama.

Ngidle inyama yembuzi ngaze ngangabona ukuthi yinyama yembuzi ngendlela ebimnandi ngayo. Sesithi ke yiyona nyama okufanele siyeseke lapha KwaZulu-Natali ngoba yiyona nyama ezokwenza ukuthi umnotho wesiFundazwe ikakhulukazi lena yasemakhaya isimame ngamandla.” Kuchaza uNgongoshe uXaba. Okucacele noma ubani ukuthi amajaji athwale

kanzima ukukhetha abaphume phambili ngokupheka nokulungisa kwenyama yembuzi.

“Namuhla sifuna ukuthi abafuyi abamnyama balapha KwaZulu-Natali abaziwayo ukuthi kudala bayiqala indaba yokufuywa kwezimbuzi manje bangene ebhizinisini futhi babe sezingeni lokuhweba njengabanye ozakwabo,” kugcizelela uXaba.

Imakethe yenyama yembuzi ivulekile njengoba kuvele ukuthi izwe lase-Saudi Arabia lifuna ukuthunyelelwa izimbuzi eziyisigidi ngonyaka ezisuka KwaZulu-Natali, lokho kungenza inzuzo engafinyelela ku R1 billion.

Kuyalangazeleleka ukuthi abafuyi bakoMsinga abamnyama bahole kuleli bhizinisi ukuze kungagcini sekuhlomula ompondozihlanjwe osekukudala babehlomula.

UXaba ugcizelela ekutheni abantu abakade bencisheke amathuba ekubeni benolwazi ngezolimo nokufuya manjese kuyisikhathi sokuthi nabo

bahlomule ngomsebenzi wabo abahlomule bakwazi ukuziphilisa ngakho.

ISilo samaBandla, ebesiyingxenye yomcimbi, sikhombise okukhulu ukuthokoza ngezinhlalo zalolu hlelo lwezimbuzi.

INGonyama yenanele inkulumbo kaXaba njengoba income kakhulu ukuthi kuqiniseke izisekelo zomnotho wasemakhaya. Ithe yisezindaweni ezifana naseMsinga lapho kumele kuqiniseke khona izibopho zomnotho wasemakhaya ngoba amazinga obubha athanda ukuba mandla khona.

IMbube ithethe, kuningi umphakathi wakuleya ndawo ongakuzuzwa kusuka ekudayisweni kwenyama, ukusengwa kobisi lwembuzi kuhlanganisa nokushukwa kwesikhumba sembuzi nokunye.

ISilo sithe kumele nakanjani kube khona ukuzimisela ohlangothini lukaHulumeni ukutakula imiphakathi yamakhosi kanye nokuthi kubanjiswane lapho kusizwa abantu baKwaZulu-Natali.

UNksz Nokuthula Gwamanda, weHlahlakazi Projects, obepheka emncintiswaneni wokulungiswa kwenyama yembuzi, uthethe banetshiseko yokusebenza ngenyama yembuzi ukwenza imikhiqizo enhlobonhlobo.

“Uma singathola indawo yokusebenza singajabula kakhulu ngoba lokho kuzokwenza ukuthi sikwazi ukupheka nokudayisa ukudla nenyama yembuzi ngenkululeko, kuvuleke namathuba siqashe abanye abantu,” kusho uNksz Gwamanda.

Ngemuva kwalo mcimbi, uNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa uSenzo Mchunu uhambele kuleya ndawo lapho ebeyohlaba khona isoyi endaweni okuzokwakhiwa kuyo amadela.

Lama dela kulindeleke ukuthi aqale ukusebenza ngoSeptemba nonyaka kanti uma sekuphothulwe konke kubhekeke ukuthi emukele izimbuzi ezingu-30 ngosuku.



agriculture & rural development
Department: agriculture & rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



UMNUZ. CYRIL XABA
UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI
NGOKUHAMBISANA SESENKE KHUNDLAWE SAKWAZULU NATALI SABA ESINGCONO UKUPHILA KUZO.

**UKHUKHULELA NGONQO
WOHLELO LOKUHWABA
NGEZIMBUZI EMSINGA**

Siphendula uMsinga ube ngumthombo akhiqiza uphinde ulwebe ngezimbuzi KwaZulu-Natali.



OTHISHANHLOKO BEZIKOLE BAZIMISELE NGOKWENYUSA IZINGA LOKUPHASA NGOWEZI-2016

Siyacela ukuba uHulumeni alekelele ngezithuthi njengalokhu izingane zethu zihamba amabanga amade uma ziya ezikoleni kanti lokho kunomthelela omubi kuzona.

SANE KHUMALO-MBHENSE

Bekuyinjabulo yodwa eSifundeni i- Harry Gwala nezindawo eziyakhele ngenkathi othishanhloko bezikole bemukela amalungu eSishayamthehto saKwaZulu-Natali ayeholwa nguNgqongqoshe wezoKuhlaliswa Kwabantu neMisebenzi yoMphakathi, uMnu Ravi Pillay ababezohlola ukuthi izikole zikulungele yini ukuqalisa ukusebenza njengoba kwakuvulwa nje, kusukela ngomhla ziyi- 13 kuya mhla ziyi- 15 kuMasingana wezi-2016.

Lokhu kuvakashela izikole kuyingxenye yoHlelo Lokuqapha ukusebenza Kwezikole, lapho oNgqongqoshe besatshaliswa isifundazwe sonke ngenhloso yokuba bahlale ukuthi ngabe izikole sezikulungele ukuqalisa ukusebenza kusukela ngosuku lokuqala lokuvula kwezikole.

Imeya yeSifunda i- Harry Gwala, uMhlonishwa uKhansela uMluleki Ndobe, yiyo eyayifolosa kulolu hlelo lokuhambela izikole, iphelezelwa ngabamele uMnyango weZemfundo kanye nababambiqhaza abafanele.

UMhloli Omkhulu wesiFunda i- Harry Gwala eMnyangweni weZemfundo, uMnu DJ Sibisi wachazela bonke ababekhona ngemiphumela jikelele yesifunda, kubandakanya nazo zonke izingqinamba okuhlangatshezwane nazo. Enkulumweni yakhe, wathi, “ngonyaka wezi- 2014 isifunda sazuza ama- 64%, okwabe kuyimiphumela engagculisi neze nokwenza saphokophelela ukwenza ngcono.

Sazibekela okungaphezulu esifisa ukukuzuza ngowezi- 2015, kepha-ke sikhaxe imilomo ngoba asikwazanga ukufezekisa isifiso sethu njengalokhu sehlile kulo nyaka kwaba ngama- 62.7%”.

Izithunywa zazizimisele impela, njengalokhu zaqala zaya eNhlanhleni Combined School – okuyisikole esikhungethwe



Izithunywa zikwelinye lamagumbi okufundela eSingisi Comprehensive School

ukucekelwa phansi kwempahla nokusetshenziswa kwezidakamizwa budedengu. Zabe sezidlulela eNtwasahlobo High School.

Othisha baqinisa ukuthi impela imiphumela emibi ibangelwe ikakhulu izinga eliphezulu lokusetshenziswa budedengu kwezidakamizwa, ingqalasizinda engenele kanjalo nokungabibikho kwezinsizakusebenza.

Uthishanhloko okhathazekile waseMount Horeb, uMnu MS Mbonisweni wathi: “Lapha kulesi sikole besinenselelo yengqalasizinda kanti kubuhlungu kakhulu ukufundisa ngaphansi kwalezi zimo; yize besinalezi zinselelo, sizama ngakho konke okusemandleni ukwenza ngcono impilo yengane.” Enkulumweni yakhe, uNgqongqoshe u-Ravi Pillay wancoma bonke abaphathi besifunda ngokuthi isifunda sihambe phambili ngowenyusa amasokisi esifundazweni.

Wathi, “Sisekude le nempokophelo yethu, sifisa ukuqhubeka sihambe phambili ukuze sikwazi ukukhuphula izinga lomphakathi kanjalo lenabantu abasha.” Ngosuku lwesibili, uhlelo lwaqhubeka ngokuthi izithunywa zihlanganele eSingisi Comprehensive School, okungesinye sezikole naso esikhungethwe izinga eliphezulu lokugqezekwa, ukweba kanjalo nokucekelwa phansi kwempahla.

Kwakuqapheleka ukuthi ngesikhathi kuhanjelwa izikole, amalungu esishayamthehto ayethola nethuba nokuxoxisana namalungu ezigungu ezengamele izikole (ama-SGB) ngenhloso yokuzwa uvo lomphakathi maqondana nokuthi yini engenziwa ukuthuthukisa ukufunda nokufundisa kuleyo miphakathi.

UNksz Busiswe Boozi oySekela likaSihlalo we-SGB yaseSingisi Comprehensive School waqinisekisa ukuthi

bazosebenzisana nezikole wabe esecela ukuba uhulumeni abalekelele ngezithuthi.

Umam’ Boozi wabeka wathi “Siyacela ukuba uHulumeni alekelele ngezithuthi njengalokhu izingane zethu zihamba amabanga amade uma ziya ezikoleni kanti lokho kunomthelela omubi kuzona”.

Isikole sokugcina okwayiwa kuso ngalolo suku kwaba i- Mount Horeb School okuyisikole esinamagumbi okufundela angenele– okuludaba oluthinta ingqalasizinda.

Kunamagumbi okufundela amahlanu kanti nawo awekho esimeni esikahle.

Isimo senhlalo yomphakathi wakule ndawo sibi impela kanti nezingane zibhekene nazo zonke izinkinga ezikhungethe umphakathi. Ngale kwazo zonke izingqinamba ezikhona, othishanhloko bezikole banethemba lokuthi imiphumela yona izoba ngcono. UMnu Z. Mnqotho, olibamba

likathishanhloko eSingisi Comprehensive Aschool, waqinisekisa izithunywa ukuthi ziyobona imiphumela emihle mhla zibuya. Ngosuku lokugcina, izithunywa zaya e-Kromhoek Combined School-okuyisikole esenze ngcono imiphumela yaso kamatikuleletsheni ukusuka kuma- 14% ngowezi- 2013 kwaba ngama- 74% ngowezi- 2015. IMeya yeSifunda i- Harry Gwala, uMnu Mluleki Ndobe, enkulumweni yakhe yokubonga, wakhuthaza abafundi ukuba bafunde ngokuzimisela wabe esenikezela ngamavawusha omfaniswano wesikole kuleso naleso sikole esivakasheliwe, ukuze kwelekelelwe izingane ezeswele. Kungashiwo ngale kokuthandabuza ukuthi kuliqiniso elingephikiswe ukuthi imfundo iyisikhali sangomuso, yingakho nje uhulumeni wenza ngakho konke ukuthi kuthuthukiswe impilo yabantu abasha.



community safety & liaison
Department:
Community Safety and Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



MR TW MCHUNU
MEC for Transport, Community Safety & Liaison



“Masihlangane ngokubambisana silwisane nobugebengu”

BABUYELWE YITHEMBA ABALIMI BAKWAMAPHUMULO

Njengoba le projekthi iqhubeka nokudlondlobala isithole ithuba lokuphakela izingane zesikole eziKwaMaphumulo ngaphansi kohlelo lokondliwa kwabafundi.

LONDIWE NGIDI

Inhlangano ebizwa ngeJikijela Obumbano Cluster yasendaweni yakwaMaphumulo, ayiwuvali umlomo ngosizo asebelutholile emNyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, selokhu yasungulwa nyakenye. Lolu sizo selibuyise ithemba kubalimi bakule ndawo. IJikijela Obumbano ihlanganisa amaprojekthi ayisithupha akumawadi amabili okubalwa kuwo iThuthukani projekthi, iZibuse, iNunu, IBongela, iVukuzakhe kanye neMbolombe Projekthi. Lama projekthi asebenzisa amahlektha angu 66 esewonke, lapho kutshalwe izithelo ezifana nesipinashi, iklabishi, ithanga, utamatisi kanye nezaqatha. Le nhlangano yasungulwa ngenxa yokuthi iMaphumulo ibalwa njengenye yezindawo ezihaqwe ubuphofu. UMnuz Mabefu Shangase, uSihlalo weJikijela oBumbano cluster, uphawule wathi: “Sithokoze kakhulu uma sibuka nje indlela inhlangano esithuthuke ngayo selokhu sayisungula ngonyaka owedlule. Sesihlomule ogandaganda, amathuluzi

nezinsiza kusebenza. UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usisingathe kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi konke kuhamba ngononina.” Imali efakwe umNyango ingaphezulu kwezigidi ezimbili zamaRandi ukusiza lamaprojekthi okuhlanganisa nokufakelwa kwenkasa phezu kokunye. Okunye okwenziwe ngumNyango ukuhlinzeka ngocingo lokubiyela amasimu, ukunakekelwa komhlabathi nemvelo, amageja, nomanyolo kanye nembewu. Ngaphezu kwalokhu labalimi sebethole ukuqeqeshwa ngokukhiqizwa kwemifino. Kunabeluleki bomNyango abadlala indima enkulu ekuqinisekiseni ukuthi lamaprojekthi asebenza ngendlela eyiyo ngenxa yosizo lwansukuzonke lwezokwalulekwa. Okujabulisa umphakathi wakwaMaphumulo ukubona ushintsho olufike nokubakhona kwale-cluster. Ukuba khona kwale projekthi sekuvule amathuba emisebenzi njengoba leProjekthi isinomshayeli kagandaganda oqashiwe. Njengoba le projekthi iqhubeka

nokudlondlobala isithole ithuba lokuphakela izingane zesikole eziKwaMaphumulo ngaphansi kohlelo lokondliwa kwabafundi. Ehambele kuleya ndawo, uMnuz Cyril Xaba, onguNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uthe umNyango uzimisele ukulekelela abalimi. “Ekuqaleni kokufika kwami lapha ngaqaphela izinga eliphezulu lobubha endaweni nemizamo emihle yomphakathi yokuphucula izimpilo zawo. Ngiyafisa ukuzwakalisa ukuthokoza kwami ngobambiswano oluhle umphakathi nohulumeni asebelwakhile ukuze kuthuthukiswe ezolimo kule ndawo futhi kuguquleke izimpilo zabantu.” Uthe umNyango ususebenzise imali engaphezulu kwezigidi ezimbili zamaRandi ukuthuthukisa imisebenzi yezolimo endaweni. “Sizoqhubeka nalolu sizo. Ngithokozile namuhla ukuba ngethule ugandaganda wokulima onikelelwe inhlangano uJikijela Ubumbano ngenhloso yokuba ilime ngaphandle kwezihibe. Sifuna ukuqinisekisa ukuthi abantu bakule ndawo bathola amathuba



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnuz Cyril Xaba eshayela ugandaganda kubukela amalungu eJikijela Co-Operative ngesikhathi kunikezelwa ugandaganda. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

emisebenzi futhi bavula amabhizinisi ukuze kuliwe nendlala. UmNyango uqhubeka nokusiza lezo zinhlangano ezikhombisa ukuzimisela futhi ezisesimweni sokwenza inzuzo ngoba siyazi

ukuthi uma zisebenza kahle ziyozimela ngomuso futhi imali noma izinsiza zomNyango zingamosheki,” kuphetha uMhlonishwa uXaba.

Ingcebo nomsoco kulele ekudleni nasekuhwebeni ngemikhiqizo yembuzi

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

Isisho sesiZulu esithi ‘ukungazi kufana nokungaboni’ sikhuluma ngqo nawo wonke umuntu waKwaZulu-Natali okuthi uma ebona imbuzi acabange agcine ekubalulekeni kwenyongo yayo ngosuku lomsebenzi, akhohlwe ingcebo nomsoco otholakala enyameni nasobisini lwayo mihla yonke. Abangakwazi nabangakuboni abantu kanye nabafuyi bezimbuzi ukuthi amathuba okuphila impilo engumqemane alele emsocweni osezingeni eliphezulu otholakala ngokudla inyama nokuphuza ubisi lwembuzi kanye namathuba amakhulu okuhweba namazwe omhlaba ngesikhumba, inyama kanye nobisi lwalesi silwane. Ucwangingo luveza ukuthi maningi amathuba okuhweba ngobisi lwembuzi njengoba luyisithako esibalulekile emithini eminingi yokugeza, ukugcoba izandla nobuso kanye neyokunakekela isikhumba ethengwayo isetshenziswe mihla yonke kanye naley otholakala ezindaweni zokuphumula ezinjenga mahhotela. Kwezinye izindawo lapho lutholakala khona ubisi lwembuzi isemithini yokugcoba izindebe, emithini yokugeza umzimba, kosawoti bokugeza umzimba, emithini engama shampoo nasenzisheni zokugeza ezahlukene. Ngalo futhi kukhiqizwa oshizi, ice cream, kanye yoghurt.



Lena ngeminye yemikhiqizo eyenziwe ngembuzi engavulela izindimbane zabantu amathuba amabhizinisi kuvuleke namathuba emisebenzi

Ngokwemibiko yomNyango wezoLimo waseMelika, nenyama yembuzi nayo ithathwa njengokudla okuphambili emazweni aseNyakatho ye-Afrika, e-Europe kanye nase Asia, kangangoba ngisho nohulumeni waseMelika, usugqugquzela ukuba idliwe inyama yembuzi kuleli zwe. Izizathu ezidala ukuba amazinga okudliwa kwenyama yembuzi anyuke umhlaba wonke ukuthi ayinonile futhi inomsoco othe xaxa

uma iqhathaniswa neyenkomo, eyesiklabhu kanye neyengulube. Okunye ukuthi, lincane inani lezimbuzi elifa ngenxa yesomiso kunelezinkomo. Yingakho-ke nomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu Natali nawo ugqugquzela abafuyi bezimbuzi abahlala ezindaweni ezinobuphofu neziphinde zakhahlanyezwa yisomiso ezifana noMsinga,

iNkandla kanye noNongoma ukuba bazakhele umnotho ngokuhweba ngezimbuzi kanye nemikhiqizo yazo. Ukuhlasela kwesomiso KwaZulu Natali, eGoli kanye nasezingxenyeni eziningi zomhlaba sekuholele ekutheni amazinga esidingo senyama yembuzi emazweni aphesheya anyuke kakhulu. Umpathiswa womNyango KwaZulu Natali, uMnu Cyril Xaba uthi umhlaba wonke usemkhankasweni wokuqhamuka nezindlela ezintsha zokwenza imbongi yezolimo ibe ngengabhebhezeli ukuguquka kwesimo sezulu lokhu okubizwa nge ‘climate smart agriculture’. “Senza i ‘smart climate agriculture’ ngohlelo lomNyango lweminyaka emihlanu olungukhukhulelangoqo wokugqugquzela ukufuywa kwezimbuzi. Izimbuzi azishayeki njengezinkomo ngesikhathi sesomiso kanti futhi zidinga ukudla okuncane kunezinkomo. Zikwazi ngisho ukudla amacembe ezihlahla uma utshani bungekho,” kusho uXaba. UXaba uthi amathuba okuhweba namazwe omhlaba kubafuyi bezimbuzi KwaZulu-Natali aseqalile ukuvuleka njengoba uHulumeni wesiFundazwe sewucelwe nguhulumeni wase Saudi Arabia ukuba ubadayisele

izimbuzi eziyisigidi ngonyaka nokuzongenisa imali engu R2 billion ngonyaka. Eminye imikhiqizo eyenziwa ngenyama yembuzi futhi enamathuba amahle okuhweba futhi ahlukile kunendlela ejwayelekile yokudayisa imbuzi kubalwa kuwo ukwenziwa kwayo u-polony, i-mincemeat, imiqwayiba, ama-wors kanye nama-sausage. Ngaphandle nje kwamathuba okuhweba ngenyama yembuzi namazwe omhlaba, ucwangingo luveza ukuthi ubisi lwembuzi nalo lunemakethe enkulu ngendlela emangazayo njengoba luyisithako esibalulekile emithini eminingi yobuso, yokugeza neyokunakekela isikhumba. Lolu bisi oludle ngokuyiya futhi olunamafutha amancane ngokwemvelo lunezakha mziba ezingama mineral nama vitamin angaphezulu kunalawo atholakala obisini lwenkomo. Okwenza ukuba ubisi lwembuzi lube ngolukhethekile njengesithako emithini yesikhumba ukuthi ukuyiya kwalo kulenza libe ne alpha hydroxyl noma i lactic acid eningi nokuyiyo evuselela isikhumba sibe sisha. Ukungabi namafutha amaningi kwenza ubisi lwembuzi lumunceke kalula nangokushesha esikhumbeni nokuholela ekutheni sigezeke, sithambe futhi selapheke.

ITHUBA LOKUFAKA IZICELO ZOKUBUYELWA NGUMHLABA KUBANTU BASOLUNDI

Abantu basuswa ezindaweni zabo benogqozi olukhulu lwezolimo. Kuyadabukisa ke ukuthi uma sebuyelwa ngumhlaba bese beqoka ukuthatha imali.

SIMPHIWE NDWANDWE

bhasi lokwemukela izicelo zokubuyiselwa umhlaba lemukelwe ngenjabulo yizakhamizi zasoLundi. Leli bhasi, elibuye libizwe ngokuthi yi “Nkanyezi”, lifakwe izinsiza kusebenza zasehhovisi kanti linobuxhakaxhaka bemishini obusiza abasebenzi behhovisi lezemihlaba ukuba bamukele izicelo zabantu abafuna ukubuyiselwa umhlaba. Ungqongqoshe womNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uCyril Xaba, wethule leli bhasi kubantu basoNdini njengoba lizogxila khona ezinsukwini ezizayo ngaphambi kokuba lidlulele KwaNongoma. Njengoba ibhasi lisoLundi nje kade lihambela izindawo zaseMpuma Koloni lapho belisenza umsebenzi walo lithatha lamukela izicelo. Lena yimizamo kaHulumeni kazwelonke yokuba kuphuthunyiswe ukubuyiselwa kwemihlaba kubantu okunjongo yakho wukuthoba amanxeba abantu abasuswa ezindaweni zabo ngemipoqo. UMhlonishwa uXaba uthe ukuba khona kwebhasi elihambela imiphakathi esikhundleni sokuthi kube yiyona eya emahhovisi kuwubufakazi obuqanda ikhanda bokuthi uHulumeni uzibophezelo ekubuyisweni kwemihlaba kubantu. Uthe isizathu sokuba kube nohlelo olunjena wukuthi kuqinisekiswa ukuthi akekho osala ngaphandle ekufakeni isicelo sokubuyelwa ngumhlaba. Abantu asebekhulile nalabo abakhubazekile bathola ithuba elihle lokuba bafake izicelo zabo ngaphandle kokugqilazwa ukwehla benyuka beya emahhovisi aseMgungundlovu naseVryheid KwaZulu-Natali. “Likhulu isasasa elikhonjiswa ngabantu ngokuvulwa kwaleli windi. Akukapheli ngisho iminyaka emibili nje kuvuliwe ukwemukelwa kwezicelo kodwa abantu asebefake izicelo sebebalelwa ngaphezu kuka 25 000. Lokhu kumele kukunikeze isithombe sokuthi impela abantu balusukumele kakhulu leli hlandla esikulo. Okwethu ukuthi sihlangabezane nabantu bakithi yingakho sisebenzisa ngisho namabhasi angomahamba nendlwana,” kusho uMhlonishwa uXaba. Umnqamulajuqu wokufaka izicelo usuyoze uphele ngoJuni 30 ka 2019. Kusukela iwindi lavulwa kuze kube nguJanuwari walo nyaka sekwemukelwe izicelo ezingu 27 238. Okunye okukhangayo ngaleli bhasi ukuthi uma kwemukelwa izicelo kuyaqinisekiswa ukuthi zicutshungulwa ngobunyoinco bese zifakwa kwikhompyutha ukuze zilondolozwe.



Ungqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnuz Cyril Xaba enethimba elisiza abantu abafaka izicelo zokubuyiselwa umhlaba. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

Ubuye wexwayisa ngalabo abafaka izicelo eziwumkokotelo ethi bazoyikhotha imbenge yomile ngoba ukwenza umkhonyovu kuyicala elibomvu elingaholela ekuthathelweni izinyathelo zomthethoi ezingqala. Okuqaphelekayo ukuthi siyanda isibalo sabantu abaqoka ukuthatha imali esikhundleni sokufuna ukubuyelwa ngumhlaba. Lokhu uMhlonishwa uNonkosi uthe akakugqugquzeli ngoba kukhubaza ezolimo. “Abantu basuswa ezindaweni zabo benogqozi olukhulu lwezolimo. Kuyadabukisa ke ukuthi uma sebuyelwa ngumhlaba bese beqoka ukuthatha imali. Thina sigqugquzela ukuthi abantu bamukele umhlaba ukuze bawusebenze bazithuthukise ngawo,” kusho uMhlonishwa uXaba. Okunye akhale ngakho ukuthi kumele sande isibalo sentsha engena emkhakheni wezolimo njengoba abantu abakhona manje sebethanda ukukhula ngokweminyeka. Uthe kudingeka kube khona igazi elisha labantu abasenomdlandla wokulima abancane abazoqhubezela lokho abadala akade bakuqala.



sisemkhankasweni **wokuguqula** izimpilo zabantu

“CONSOLIDATING PROGRESS WE HAVE MADE, AND STEPPING UP THE PACE TO ACHIEVE RADICAL SOCIO-ECONOMIC TRANSFORMATION TO END **POVERTY** IN OUR LIFETIME”



Kwesokunxele uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uCyril Xaba, iKhansela lakuwadi 22 kuMasipala weTheku, uMnuz Sibongiseni Mkhize, ekugcineni, besiza abafundi ngemifaniswa okunguLungisani Ncane ofunda uGrade 9, uSmangele Mkhize noSanele Nyembe abafunda uGrade 12. **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

BAKHANYISELWE NGAMATHUBA KWEZOLIMO ABAFUNDI

■ Njengoba kunamakolishi amabili angaphansi koMnyango abafundi babheme bakholwa ngemininingwane ecacisa okwenzekayo ngalamakolishi, okudingekayo ukuze wamukeleke

MBONGENI HLOPHE

Umkhankaso wokucobelela abafundi bakamatikuletsheni ngolwazi lwamakhono uthathe elinye igxathu njengoba ngesonto eledlule izindimbane zabafundi bezingena zidedelana lapho bekutatshwa khona ulwazi olunhlobonhlobo ehlo lomphakathi eManzimtoti. Kulo mcimbi uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uthole ithuba lokuba wenেকে abafundi anamalungu omphakathi abebambe iqhaza ngeqhingalawo elisha lokusebenza.

Kuleliqhinga elisha lomNyango libalula ezolimo njengomkhakha

webhizinisi ziphinde zibe isayensi njengoba kunocwaningo olukhulu olwenzekayo emsebenzini wezolimo.

UmNyango ekucobeleleni kwawo nabafundi ilomyalezo owudlulisayo ukuze kukhanyiseleke iningi labafundi ngokusabalala kwalolmkhakha wezolimo njengoba iningi bekuwumkhakha intsha ehambela kude nawo.

Njengoba kunamakolishi amabili angaphansi koMnyango abafundi babheme bakholwa ngemininingwane ecacisa okwenzekayo ngalamakolishi, okudingekayo ukuze wamukeleke kanye nendlela okufundwa ngayo kulezizinda zikaHulumeni zokuqeqeshela ezolimo.

Lama kolishi amabili okuyiCedara College of Agriculture ezinze enhloko hovisi yoMnyango eCedara eMgungundlovu ne-Owen Sithole Agricultural College, edume ngele “Cwaka” ezinze eMpangeni, abambe elikhulu iqhaza ekuhlomiseni abafundi ngolwazi olunzulu lwezolimo.

UmNyango uyabagqogqezela kakhulu abafundi ukuba bafunde nasezikhungweni ezinjengamanyuvesi lapho kugxilwa kakhulu ocwaningweni lwezolimo, kusabalaliswe ulwazi njengoba kukhona ngisho izifundo zobunjiniyela obuthinta ezolimo.

Abafundi bakamatikuletsheni bakhombise ukuba nogqozi ngokulandela umkhakha wezolimo

belandela lokho uNgqongqoshe walo mNyango uMhlonishwa uCyril Xaba akholelwa kukho ukuthi kumele zibanjwe zisemaphuphu abafundi bafakwe uthando lwezolimo emazingeni aphansi emfundo ukuze isiFundazwe sikhule izinga lomkhiqizo osezingeni siphinde sense ezolimo ngendlela okuyiyo nezokwenza isiFundazwe sibambe iqhaza elibonakalayo emkhakheni nasembonini yezolimo.

Yize lo mkhankaso ubuhlelwe wuMnyango wezeMfundo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, imiNyango eyahlukahlukenekahulumeni wesiFundazwe, yonke iminyango ibimelwe ngabasebenzi bayo abebechathazela abafundi

ngolwazi lwamakhono ehlukahlukene abangase bakwazi ukukhetha kuwo uma sebeqhubeka nemfundo yabo emva kokuphuthula umatikuletsheni.

Lo mkhankaso ubuqhubeka ochungechungeni lokusatshalaliswa kolwazi oluqale esifundeni sasOgwini, eNingizimu nesiFundazwe.

Izithunywa ebezimele imiNyango kaHulumeni zihambeke izindawo ezigudle uGu okubalwa kuzo iGamalakhe, Harding kanye noMzinto lapho bezifundisa khona ngalokho imiNyango ekwenzayo kanye nezinhlelo zemiNyango ngokuhlukana kwayo.



agriculture
& rural development
Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



UMNUZ. CYRIL XABA

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO
ZASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI

NGOKUBAMBISANA SESENZE ESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI SABA ESINGCONO UKUPHILA KUSO.

**UHLELO LOKUTAKULA INTSHA ENGAQASHIWE ENEZIKU
ZEMFUNDO KWEZOLIMO**

*Sivulela intsha amasango ukuze ibambe iqhaza
ekuguqulweni kwemboni yezolimo ibe ngengumqemane
iphinde isimamise umnotho.*



UYADLONDLOBALA UMKHANKASO WOKUSEBENZISANA NOSOMABHIZINISI UKUSIZA UMPHAKATHI

Sesikwazile ukusiza abantwana besikole abafunda ezikoleni zasemakhaya ngamathawula abantu besifazane abawasebenzisa uma besezinsukwini zabo ngokusebenzisana noMnyango

sithole amaSamariya amahle aseziphezelele ukuthi azoyixhasa inkulisa yakwaNyuswa, ngaphansi kukamasipala weTheku, ku Wadi 2, eyaziwa ngeSinakokonke, njengoba ingenako okumele ibe nako ukuze ikwazi ukusebenza ngendlela efanelekile. Amalunga ekilabhu yabantu abadla izambane lampondwe eyaziwa ngokuthi yi-Emakhehleni, enze isethembiso sokuthi azokwenza okusemandleni ukubhekelela ezinye zezidingo ezibalulekile zalenkulisa eyaqala ukusebenza ngonyaka ka 2007. UMnyango kanye nal nhlango babphe lenkulisa izipho obekukhona kuzo omatilasi abangu-20, izitulo ezingu-15, amathoyizi iziphuzo, amachips noswidi. Inhloko yalenkulisa, uNkosikazi Ntombifikile Mbambo, uthe ezinye zezinto lenkulisa ekwazi ukuzenza ukuthatha abantwana abangaphezulu kuka-90.



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, namalungu enhlangano i-Emakhehleni kanye noJahidada abahlomulile ngomnikelo.

Uqhube wathi lenkulisa l dinga izinto ezifana nesiqandisi, isitofu sokupheka, i-microwave, ugesi kanye nezindawo zangasese, ukuze ikwazi ukwenza umsebenzi wayo wokufundisa futhi igcine abantwana ngendlela ephusile. Ubonge labo asebesize lenkulisa ngokudla kanye nocingo lokubiyela njengoba futhi isinawo namanzi, ngaphandle kukagesi. Okhulumela ikilabhu, i-Emakhehleni, uMnumzane Mboneni Bhakiswayo, obuye abe nguSihlalo wekilabhu, uthe: “Sesikwazile ukusiza abantwana besikole abafunda ezikoleni zasemakhaya ngamathawula abantu besifazane abawasebenzisa uma besezinsukwini zabo ngokusebenzisana noMnyango, manje sithe asizifikele mathupha kulenkulisa sizozibonela futhi sizizwele ukuthi ikuphi la singakwazi khona ukufaka isandla. “Njengabangani boMnyango

wezokuThuthukiswa koMphakathi sanquma ukuthi singagcini kuphela ngokubekela imindeni yethu kulesi stokfela sethu esisibiza ngokuthi i-Emakhehleni, kodwa sibhekelele nabanye abantu abantulayo,” kuchaza uBhekiswayo. “Yayingekho intandane e-Afrika – yingakho sithi nathi sifisa ukwenza umehluko ezimpilweni zabantu, futhi siyakholelwa ukuthi izinkulisa yizona ezokuqala ezakha ikusasa lomuntu,” kusho yena. UNgqongqoshe uThusi, othembise ukusebenzisana nalekilabhu ukuthuthukisa lenkulisa, uthe: “Kuyajabulisa ukuthi emphakathini kunabantu abacabangela abantu. Siyabonga kwi-Emakhehleni ukuthi siyaqhubeka nokubona ubuntu emsebenzini abawenzayo emphakathini, futhi nami ngithembela kubona ezikhathini eziningi.”

Sekumi ngomumo emaHhovisi amasha esiFunda esincane uMzinyathi

SANE KHUMALO-MBHENSE

Sekumi ngomumo emahhovisi amasha esiFunda esincane uMzinyathi njengalokhu ukwakhiwa kwawo sekuya ngasemaphethelweni. UNgqongqoshe wezokuHlaliswa Kwabantu neMisebenzi yoMphakathi, uMnu Ravi Pillay – oyilungu lesiShayamthetho sesiFundazwe uhambele lawa mahhovisi mhla zi-2 kuNhlolanja wezi-2016, ngesikhathi kuwusuku lwekhabhinethi olumaqondana ne-Operation Sukuma Sakhe (OSS) olwabe lukuMasipala uMsinga. Lawa mahhovisi akiwe endaweni yase-Tugela Ferry kuWadi 5 kuMasipala uMsinga kanti angaphansi kwamahhovisi esiFunda i-Midlands. Umphakathi wase-Tugela Ferry ujabule ufile ngalo mklamo njengalokhu udale amathuba omsebenzi angama-32 futhi uzohlinzeka ngezinsiza ezimqoka.

Omunye wabahlomule kulo mklamo, uMnu Chicago Nzimande, onekhono lokubeka isitini uthe, “ngiqale kulo mklamo ngowezi-2008 futhi sewungisizile impela ukufezekisa izidingo zami ngokwezezimali”. Ukwakhiwa kwalesi sakhiwo esikhangayo sekuya ngasemaphethelweni ngokungama-90% kanti uMnyango kulo mklamo usebenzise imali ebalelwa ezigidini ezingama- R6m. Lo mklamo ubandakanya ukuqedelwa komsebenzi obusilele e-workshop, ukuqedelwa komsebenzi obusilele emahhovisi, ukwakhiwa kwendlu entsha yonogada, ukulungiswa kwezindlu zangasese kanjalo nokulungiswa komonakalo okumahhovisi angomahambanendlwana, amapark homes. UMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natali usalokhu uvelele ekuthuthukiseni ingqalasizinda

njengalokhu usaqhubeka udala amanye amathuba omsebenzi futhi usahlomisa umphakathi wendawo ngamakhono. KuMasipala uMsinga, amalungu omphakathi angama- 57 aqhamuka emawadini ehluahlukene ahlomule ohlelweni lomnyango olubizwa ngokuthi i-School Maintenance Programme, okuhumusheka ngokuthi uHlelo Lokunakekela Izikole. Ngaphezu kwalokhu; intsha engama- 33 iyeqeshwe ngaphansi kohlelo Lwezemisebenzi Yentsha kaZwelonke, kanti abane (4) babo basaqeqeshwa kulona uhlelo lokuqeqeshelwa amakhono. Kufanele sikutuse ukuzibandakanya kanjalo nokubamba iqhaza ngokugcwele kwabo bonke ababambe iqhaza abaqinisekisa ukuthi le mklamo yalolu hlobo inezithelo ezinhle kangaka. Ababambiqhaza kubalwa phakathi kwabo osonkontilaki



Kusuka kwesobunxele kuya kwesokudla: uMnu Dumisani Mqadi, uTholokuhle Mvelase, u- Arab Malanzi, uNgqongqoshe Ravi Pillay, uChicago Nzimande kanye noNk Jane Khuzwayo

bezokwakha, izimenenja zomklamo, amakhansela endawo, umphakathi lapho imiklamo iqhutshwa khona nezindawo eziseduze kanjalo nabamele izinhlangano zomphakathi. Kusobala ukuthi ukuzibophezela, ukuzinikela kanye nogqozi kusemqoka ekwenzeni impilo

yomphakathi ibe ngcono. Lokhu kuhambisana ngqo nalokhu uhulumeni akubeka eqhulwini ngenhloso yokuguquka impilo yabantu kanjalo nokuqhubezela izwe phambili. Impela inhlanga yethemba iyalokoza. Sisonke silwela impumelelo.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



ASIBAMBISANENI SILWE NEZIGILAMKHUBA - QAPHELA UNGALUTHWA!

Kwezinye zezigameko esezibikiwe eMnyangweni, kucaca ngokusobala ukuthi izigilamkhuba zisebenzisa umbhalo ofana ncamashi negama loMnyango (ilogo).

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uthanda ukukhumbuza bonke osebenzisana nabo ukuthi baqaphele izigilamkhuba ezisebenzisa igama kanye nesithombe soMnyango (ilogo) ngokungekho emthethweni ukulutha abantu, kakhulukazi osomabhezini kanye nosonkontileka.

Kwezinye zezigameko esezibikiwe eMnyangweni, kucaca ngokusobala ukuthi izigilamkhuba zisebenzisa umbhalo ofana ncamashi negama loMnyango (ilogo). Ziphinde zifake neminingwane yokuxhumana yabantu abangaqashiwe eMnyangweni.

Ukuze kunqandwe lesifo esibi ukuthi singabhebhetheki kuphinde kwehliswe nezinga labazithola beyizisulu zalomkhuba, osomabhezini kanye nosonkontileka baxwayiswa

ngalokhu okulandelayo:

- Uma uthola inombolo yomsebenzi (order number) xhumana noMnyango ukuze uqiniseke ukuthi iyona ngempela.
- Hambisa izimpahla emahhovisi oMnyango kuphela; bese
- Bika konke okubona kusolisa futhi okukhombisa ukukhohlakala kanye nokungathembeki eMnyangweni okanye ushayele inombolo elwa nokukhohlakala.

UMNYANGO NGEKE ULWE NALESIDLAVA UMA UWODWA. AMALUNGA OMPHAKATHI AYANXUSWA UKUBA ABIKE ZONKE IZENZO ZOKUKHOHLAKALA KANYE NOKUNGATHEMBEKI KULE NOMBOLO:

0800 701 701 noma bashayele lezi nombolo zoMnyango kusuka ku 7:30 kuya ku 16:00 phakathi neviki (033) 392 6400, (033) 845 2000 (031) 336 5300, (031) 319 3600 (035) 874 2697



UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi uMnuz. uRavi Pillay exwayisa abasebenzisana noMnyango kakhulukazi osonkontileka ukuthi baqaphele imikhonyovu yezezindlu.

Ngqongqoshe uxwayise abazali abadla eyesibonelelo sezingane

THABISO MTHALANE

UNgqongqoshe kaZwelonke, uNkosazane BathabileDlamini, i no Ngqongqoshe wesiFundazwe saKwaZulu-Natal eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikaziWeziwe Thusi, bahlabe isoyi ukulungiselela ukwakhiwakwenkulisa endaweni yaseMnyakanya, eNkandla, muva nje. Lo mcimbi ubuhanjelwe izivakashi ezikhethekile, obekukhonakuzo uMama weSizwe, uNkosikazi Sizakele MaKhumalo Zuma, isekela likaNgqongqoshe kaZwelonke eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi HendriettaBogopone Zulu, kanye noNgqongqoshe wezeMfundo, uNkosikazi Peggy Nkonyeni.

Ekhuluma kulomcimbi, uMeya kaMasipala wendawo, uMnumzane Thelumoya Zulu uthe, “Siwubongela kakhuluumphakathi ozohlomula ngalesakhiwo, ikakhulukazi ku ward 2 kuMaspala uMlalazi, no ward 14 kuMaspala iNkandla.

ThinasinguMlalazi sijabule kakhulu ngalesakhiwo ngoba sizozeqeqeshaisizwe sakithi sakusasa.” UNgqongqoshe uThusi uthe, “Sila namhlanje ngoba imfundosiyibeka phambili njengo Hulumeni. Wonke umtwana omncanekusukela ezinsukwini ezelwe kuya eminyakeni emine kumeleaqale enkulisa ngaphambi



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi kuZwelonke, uNkosazane Bathabile Dlamini (owesibili kusuka kwesokunxele), owesifundazwe, uNkosikazi Weziwe Thusi, iPhini likaNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Hendrietta Bogopane-Zulu, uMama weSizwe, uMakhumalo Zuma noNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natali, uNkosikazi Peggy Nkonyeni ngesikhathi kuphendulwa isoyi eNkandla.

kokuba ayoqala esikoleni. Njengobakuzokhandwa inkulisa kulendawo sifuna bonke abantwanaabancane kulendawo bathole uqeqesho.”

“UMama weSizwe, uNkosikazi Makhumalo Zuma, wasicelasiqeqeshe omama bezinkulisa ukuthi izinhlangano

ezingenzinzuzo, amaNPO, ziphathwa kanjani. Size lana ngenxa kamama, othe yena ngizohlala la nabantu bakithi ngithuthukise bona angeke ngiye kwenye indawo.

“Okungiphathe kabi engikutholile kulendawo, ukuthi omamabengane bahamba nemali yemihholo

yezingane bayeemadolobheni imali yengane beyidle namasoka abo.

La eNingizimu Afrika kunomthetho othi uma umama wenganeehhola impesheni yengane kodwa engasayondli inganenininelungelo lokuthi nisazise khona sizoyivala impesheni holwe ugogo noma umuntu ohlala nengane ngoba impesheniya la kukhona khona ingane” kushu uNgqongqoshe uDlamini.

Uqhubeke wabeka wathi, “Okwesibili engikutholile ukuthiizingane zinesifo esibangwa indlala, ezinye zize zishone zibulawa indlala.

Umuntu ohhola isibonelelo sengane noma othola isondlo sikahulumeni aphinde engondli umntwana azeashone ngenxa yendlala uyisiboshwa sikahulumeni loyomuntu, ngakhoke siyanicela ukuthi uma isibonelelo sengane sifikanithengele izingane ukudla okufanelekile. “Wonke umuntu onomtwana oshona ngoba enesifo esibangwaiphango kufanele abhekane nomthetho ngoba imali yabantuabakhokhela intela baseNingizimu Afrika le engasetshenziswangendlela ekondleni izingane kulendawo.

“Kusala imali enkulu kabi la evela kuhulumeni zonke izinyangakodwa abantu bakulendawo banochuku ngoba banikezwa imalimese bona beyisebenzise kwezinye izinto.

“INkandla Local Office njalo ngenyanga ithola imali elinganiselwa ku R36.5 000 000 ngempesheni, kodwa futhi kubekushona ingane ngendaba yendlala. “Omama bezingane basebenzisa imali yezingane kwezinyeizinto zabo bese bethenga impuphu namazambane benikezeingane kanti impuphu namazambane akunampilo futhiakufanelekile ukuthi kungadliwa ingane encane nsukuzonke. “ENkanyezini Local Office uhulumeni ushiya uR42 000 000nyangazonke kodwa izingane azondliwa futhi azinikezwaukudla okufanelekile zibe zihola imali yazo. Impesheni kufaneleitholwe umuntu ohlala nengane.

UMama weSizwe Makhumalo Zuma ubeke kanje “Kungiphathakabi ukukhulelwa kwezingane mese zithola abantwana zijikezibashiye nogogo. Ogogo abasenawo amandla okugada izinganezezingane zabo ngakho ke uma unengane ngiyanicela ukuthinizigadele izingane zenu ningazishiyo nogogo.

UNgqongqoshe wezeMfundo, uNkosikazi Peggy Nkonyeni, uthe, “Uma abantwana bengayanga enkulisa bafika esikolenibabe nenkinga, umsebenzi wabo wesikole ube sezingenieli phansi uma uqhathanisa nezingane eziphuma enkulisa.”